UJehova ulendaba. Kumele kube yiLizwi Lakhe. Futhi uElija wema ngesibindi phezu kwaleloLizwi, loITSHO KANJE INKOSI. UNkulunkulu wamnika imfihlo encinyane, ngolunye usuku. Wathi, “Ngilenkulungwane eziyisikhombisa, Elija, ongufakazi kizo, phandle lapha. Kabalaso isibindi eseneleyo sokuphuma futhi bakutsho. Bacatshile egangeni. Kodwa, kanti, enhliziyweni zabo, bazinceku Zami. Abaguqelanga uBhalimu. Bayesaba ukukwenza. Kodwa, ngikunika isibonakaliso, futhi uyisibonakaliso. Mana phandle lapho, futhi ume eLizwini Lami. Ngizakunakekela. Banike isibonakaliso.” Haleluya!

Nkulunkulu, sithumele enye into enjengaleyo, ozakuba yisibonakaliso seLizwi likaNkulunkulu. Futhi sonke isithembiso uNkulunkulu asithembisayo sizakusekelwa kulowomuntu, ngoba uyisibonakaliso, isibonakaliso esikhohliweyo.

¹⁰⁶ O, bacabanga, ngoba uAhabhu wayeyinkosi enkulu futhi izizwe zonke zazimesaba, lokho kwakukuhle sibili. Kodwa uEliza wayeyisibonakaliso seLizwi. Lowo ngumprofethi weqiniso, isibonakaliso seLizwi. Ngakho lapho esaseyisibonakaliso seLizwi, kabazange bamkholwe. Babengancelo kuye.

¹⁰⁷ Wayeyisibonakaliso kumfelokazi, lapho uNkulunkulu emthuma esuka eNtabeni iKhameli, esuka e...phezulu sifudlaneni iKherithi. Wamthumela phansi khonale, emva kokuba esewondlwe ngamawabayi, futhi isifudlana sawoma. Wehla waya kulindlu yomfelokazi. Yindawo bani yomtshumayeli ukuya kiyo! Kodwa wahamba phansi lapho ngoba uNkulunkulu wantshela ukuthi ahambe.

Kodwa Wahamba phansi lapho, wathi, “Ngimlayezele ukuthi akondle.”

¹⁰⁸ Umfazi wayefanele abeyisibonakaliso. Owesilisa wayefanele abeyisibonakaliso. Lapho, ephandle lapho, wayelemphuphu eneleyo ukwenza iqebelengwane elilodwa, futhi yena, lomfana wakhe ukulidla. Isigxingi eseneleyo soku...Lamafutha ayeneleyo phakathi kwesigxingi, ukwenza inhlama encinyane, ukuhambisana lakho. Wathi, “Ngiphandle lapha ngidobha incwathi ezimbili.”

¹⁰⁹ Kulokho okwesabisayo, okutshisayo, ukusa okuvuthayo lapho umfo omdala okhangeleka eloboya ebusweni, inwele ezimpunga zilenga phansi emhlane wakhe, waphuma phandle lapho, lekhandla lakhe elilempabanga likhazimula, weyama isango, wathi, “Ngiphathela amanzi amalutshwana,” futhi wathi, “phezu kwakho, ngiphathela ingcosana yesinkwa sempuphu esandleni sakho, iqebelengwana.”

¹¹⁰ Wathi, “Angilamphuphu eneleyo. Ngiphandle lapha khathesi, ngidobha incwathi ezimbili, ukwenzela indodana yami iqebelengwane elincinyane. Ngilokwaneleyo ukuba ngimenzele elilodwa futhi lami. Sizakulidla futhi sife.”

¹¹¹ Wathi, “Ungesabi, ngoba, ITSHO KANJE INKOSI.” Yiyo indoda esiyifunayo. Kwakungayisikho, “Manje, *kungenzakala*, dade. *Kungagcwaliseka*. Angazi.” Hatshi, hatshi. UEliza wayeqinisekile. “ITSHO KANJE INKOSI. Isigxingi leso asisoze siphela, loba lelo gabha lome, kuze kube lusuku uNkulunkulu azakuthumela izulu emhlabeni.” Amen. Nanko-ke. Lokho kwakumele kube yisibonakaliso eseneleyo kuye.

¹¹² Umela ibandla lamuhla. Emva uEliza esehlale laye okwesikhatshana esincinyane...Wayelomfana omcinyane. Wagula. Umkhuhlane wakhe wawumubi kakhulu kwaze

kwangabi lomphfumulo owasala kuye. Wafa. Khona-ke wenzani? Ibandla selivele labona lezo zibonakaliso. Kodwa, ini, masinya nje lapho ingozi encinyane ibuya, ngokuphangisa ufuna ukusola ibandla ngayo. Wayefuna ukusola uElija. Wathi, “Wena ndoda kaNkulunkulu, manje usubuye lapha ukuzongikhumbuza izono zami lokuthatha impilo yendodana yami.”

¹¹³ UElija wathatha indodana, wahamba ekamelweni laphezulu lapho ayelele khona phezulu lapho, wamlalisa phezu kombheda wakhe uqobo, wazelula sibisakhe phezu kwawo, wathi, “Nkosi Nkulunkulu!” Haleluya! “Phendukisa umphefumulo walumfana.” Futhi ingane yavuka.

¹¹⁴ Wayibuyisela phansi. Lowo mfazi wakhangelela ingane, futhi-ke wamkhangela, khona-ke wazi enye into yayilapho. Wathi, “Ngalokhu ngiyazi ukuthi iLizwi likaNkulunkulu lisemlonyeni wakho.” Ameni. Wayeyisibonakaliso kulowo mfelokazi. Lapho ebone amandla kaNkulunkulu, Lowo owenza kuphile kumbe ongabulala, avuse ingane yakhe efileyo iphile, wathi, “Ngalokhu ngiyakwazi ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu.” Wakwazi.

Izizwe lamuhla zingakuhleka, njengalokho abakwenzayo ngalesosikhathi. Babengeke bakukholwe. Kodwa lowomfazi wayengeke akukholwe. Kwakuyisibonakaliso lesosikhathi, njengoba wayeyisibonakaliso, ukuvusa indodana yakhe efileyo empilweni. Labo baprofethi bahlezi beyizibonakaliso zikaNkulunkulu.

¹¹⁵ Lapho uElija ebizela ukutshengiselana, wathi, “Nxa uNkulunkulu enguNkulunkulu, Mkhonzeni. Nxa uBhali engunkulunkulu, mkhonzeni.”

Angezake kube lusuku olumangalisayo kuElija lamuhla na? Nxa ipolitiki ingunkulunkulu, ikhonze. Kuyini esilakho kupolitiki? Kuyini esikwenzileyo? Asilalutho kodwa inqumbi yokubola. Asilalutho.

Kodwa silahlekelwe nguwonke, phose wonke umngane esilaye, phakathi kwezizwe. Lapha, iviki edluleyo, silahlekelwe ngezinye ezimbili kumbe ezintathu izizwe kusikhomanisi. Sibhadalisa abantu umthelo futhi sibuthanisa imali zabo, futhi sizithumele khonale ukondla abantu abaphendukela kusikhominisi masinyane lapho besakheka. Yikuzenzisa. Kunjalo.

¹¹⁶ Sivuma ukuba singamaKhristu. Kasibeni njengamaKhristu, khona-ke, hatshi ngokubadlisa izinto ezinjengalezo. Lokho kulokuncinyane kakhulu oku—oku... Umuntu makhaza olenhliziyo elungileyo uzakwenza lokho. Leyo yinkolo. Akusilo sindiso.

Abantu abanengi bayahlanganisa inkolo losindiso. Inkolo yikondla abafelokazi labayanga, lokunjalo. Leyo yinkolo. Kodwa usindiso yikuZalwa okutsha, ukuzalwa kutsha. Lokho kwahlukile. Inkolo, isiMohamedi yinkolo. Kulenkolo ezinengi.

117 Manje, phezulu eNtabeni iKhameli, lolosuku lapho ebiza ukutshengisela, futhi wabiza uAhabhu lezinkulungwane zabapristi ababevela ethempelini lenhlanganiso zamasonto abo, wababiza eNtabeni iKhameli, wathi, “Wozani phezulu lapha. Hlanganani lami phezulu lapha. Ngizamela iqembu lonke.” Kuyini akwenzayo? Wayelo ITSHO KANJE INKOSI. Wayengesabi. Wathi, “Nikelani inkunzi. Bizelani uBhalimu. UNkulunkulu ophendula ngomlilo abe nguNkulunkulu.”

118 Ngakho, usuku lonke, kuze. . . kusukela ekuseni kuze kube emva kokudla kwemini, beqela phezu kwe-altare. Bazisika sibisabo. Baklabalala. Bamemeza. UElija wahamba emuva laphambili, wathi, “Memezani kakhulu mbijana. Mhlawumbe uhambe ohambweni lokuyagola inhlanzi, kumbe enye into. Uphandle exotshanisa, kumbe enye into.”

Ngoba, wayelo ITSHO KANJE INKOSI. Wayesuthisekile. WayeLizwi likaNkulunkulu.

Mfowethu, dade, kuyini okunye loba nguphi umuntu angakudinga ukwedlula isithembiso sikaNkulunkulu? UNkulunkulu wathi Uzakwenza. NguAbrahama. Wabala uNkulunkulu ukuthi uyanelisa ukwenza lokho Ayekhulume ngakho. Wayekwazi ukuthi uNkulunkulu wayengakwenza, ngoba uNkulunkulu watsho njalo.

119 Ngakho wa—ngakho wababizela ukuthi babuye phezulu lapho. Futhi-ke bazisika sibisabo, futhi bamemeza futhi baklabalala usuku lonke, kwaze kwaba ngumhlatshelo wantambama. Khona-ke, uElija, khangelala ukuthi wakwenza njani. Into yokuqala ayenzayo kwaba yikugiqqa amatshe alitshumi lambili ndawonye.

UNkulunkulu akehlukananga. Inhlanganiso zamasonto ziyehlukanisa amabandla, kodwa hatshi uNkulunkulu.

Omunye wathi, “UngumKhristu na?”

120 “NgingumBaptisti.” Ngakho lokho akwedluli ukuthi wawuyingulube.

121 Uthi, “Ngi—ngingumMethodisti.” Awu, lokho akwedluli ingulube, njalo, kuNkulunkulu.

122 Ngathi, “UngumKhristu na?” Ukuba ngumKhristu, kumele ufanane loKhristu, ubuNkulunkulu obuhlala phakathi kwakho, loMoya oNgcwele, ofana lowehla ngoSuku lwePhentekhosti. Hatshi amadlabuzane, kodwa ngitsho iPhentekhosti eqotho. Bona? Kunjalo.

123 “NgingumPhentekhostali. NgingumOneness. Ngi—nginguziqu ntathu. Ngi. . .” O, minabo! Lokho akwedluli ukuthi wawungenye into. Akutsho lutho kuNkulunkulu. Lokho kuyehlukanisa.

124 Yikho lokho okwakwenzakele phansi lapho phakathi kwabafundisi. Kodwa uElija wagiqqa lawa matshe alitshumi

lambili ndawonye, ukutshengisa ukuthi uNkulunkulu nguNkulunkulu munye phezu kwabo bonke, wawagiqa ndawonye.

¹²⁵ Ngakho, lapho esewalethe ndawonye njengalokho, wabulala inkunzi futhi wayilalisa phezulu phezu kwe-altare, phezu kwenkuni. Wathi, “Manje, ukuqiniseka ukuthi akula kukhohlisa kulokhu, hambani lingithathele imbiza ezilitshumi lambili zamanzi.” Futhi yena sibili wamanzisa lezonkuni. O, Haleluya! Wayefuna ukutshengisa ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu. Ngoba, ngani? Wayelo ITSHO KANJE INKOSI. Waye ngumprofethi. WayeleLizwi likaNkulunkulu.

¹²⁶ Kanjalo be—benza ngalolosuku, nxa besithi bazakuxotsha ebandleni, bazakwenza *lokhu*, *okunye*, nxa ubhaphathizwe eBizweni lika Jesu, futhi lazo zonke lezi izinto ezitshiyeneyo njenga lokho: umbhedo. Kuyi ITSHO KANJE INKOSI.

¹²⁷ Umuntu omuhle, ngobunye ubusuku, wakhuluma lami, wabuya wangigona, futhi wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “Ngifuna ukukubuzisa enye into.” Wathi, “Nxa ungayekethisa kancinyane nje, linto okhuluma ngayo.”

Ngathi, “Ini?”

Wathi, “Lonke lolubhaphathizo.” Wathi, “Amabandla aseChicago landawo zonke nje bakufuna kabi sibili, kodwa bayesaba uzakhuluma lokho.”

¹²⁸ Ngathi, “Sibili, ngizakukhuluma. Ngeqiniso, ngizakukhuluma.”

Wathi, “Awu, yiyo into kuphela abalayo abamelana lawe.”

¹²⁹ Ngathi, “Khona-ke abalako bemelana lami. Angisuye Lowo Owakutshoyo. UNkulunkulu Wakutsho. Ngiyagolomba loba uphi wabo ukuthi abuye akufakazele ngokuthi aKusikho.” Bona?

¹³⁰ Wathi, “Awu, uyabona, u—ufanele uvumelane futhi wenze ubudlelwano.”

Yinto efanayo ababemfuna ukuthi ayenze. Ameni. UNkulunkulu kayekethisi. Hatshi, mnumzana. Akayekethisi.

Wathi—wathi, “Manje, Mfowethu Branham, ngifuna ukukubuzisa enye into. Ngabe iNgilosi yeNkosi...” Wathi, “Sonke siyakholwa iNgilosi yeNkosi. Ngabe iNgilosi yeNkosi ikutshela Lokhu na?”

¹³¹ Ngathi, “Angilandaba lokho iNgilosi yeNkosi engakutsho. Nxa Yona, iNgilosi yeNkosi, Ezakutsho *Lokho*. Kodwa nxa Ekhuluma into ephikisayo, Wayengayisiyo iNgilosi yeNkosi.” Ngathi, “Kungenani lokuthi yiNgilosi iphi, kumbe enye into eyakutshoyo, UPhawuli wathi, ‘Loba iNgilosi evela eZulwini itshumayela elinye ivangeli kini, akabe ngoqalekisiweyo.’”

¹³² IziNgilosi lomuntu wonke, okunye kwezinto zenyama ezikhukhumeleyo, kukhuluma ngeziNgilosi. UJoseph Smith, Brigham Young, lazo zonke inkoloze ezitshiyeneyo, ezama Adventist lakho konke okunye, babona zonke inhlobo zezinto ezinjengalezo, kodwa kuhlezi kuphikisana leLizwi.

¹³³ Kodwa, uNkulunkulu uyasekela iLizwi Lakhe. KuyiLizwi Lakhe. Ngathi, “YiLizwi leNkosi. Sibili. Konke engake ngabakwazi kwafundiswa kimi Nguye. Angikaze ngiye eseminari kumbe esikolo. Kuvela Kuye.” Kodwa ngathi, “Loba kwakuphikisana...Nxa kwakuphambene laLokho, ngangingasoze ngiMkholwe. Ngoba, lelo yiLizwi likaNkulunkulu, ngelokuqala. Yonke enye into ayibe ngamanga.” ILizwi likaNkulunkulu, hlala lalo.

¹³⁴ Ngakho, uElija, lapho esedlule ngalapho, wamanzisa zonke lezo zigodo ndawo yonke, ngembiza zamanzi ezilitshumi lambili. Wawathululela phezulu ngaphezu kwalapho. Waphuma phandle lapho, epholile nje ngakho ayengabayikho. Ngani? UNkulunkulu angeke aqambe amanga. UNkulunkulu wamtshela. Wathi, “Nkosi Nkulunkulu kaAbrahama, Isaka, loIsrayeli, makwazakale lolusuku ukuthi UnguNkulunkulu, futhi ngiyinceku Yakho. Futhi ngenze lokhu ngokulaya Kwakho, ngoba kuyi ITSHO KANJE INKOSI. Ngenza lokhu ngoba Wangitshela ukuthi ngikwenze, ngoba kungeLizwi Lakho. Makwaziwe khathesi ukuthi UnguNkulunkulu.”

Futhi uMlilo weNkosi wehla, waqothula umhlatshelo, izikhuni ezimanzisweyo, wakhothula amadwala, lakho konke okunye, futhi wasusa konke khatshana. Khona-ke uIsrayeli wamemeza, inkulungwane eziyisikhombisa, “UNkulunkulu makabe nguNkulunkulu.”

¹³⁵ UElija, kuhle kanganani ukubona lowo omncinyane, omdala okhangeleka ephundlekile, umzimba ocakileyo wonke utshwabhene, leyontonga encinyane esandleni sakhe, igabha elincinyane lamafutha lilenga esandleni sakhe, isiqephu esincinyane sesikhumba semvu sithandelwe ngakuye. Ngani, bangamfaka entolongweni lamuhla nxa wahamba esitaladeni; kodwa bayayekela abafazi begqoka okabhudula; kodwa ngeqiniso babengeke bakwenze lokho, bona, njengalokho, baphuma.

¹³⁶ Ngakho, khona-ke, kodwa lapha baya bu-...nangu lapha esehla phansi, esedlula ngalapha, ngasoqaqeni, kuloludondolo. Manje, iNtaba iKhameli kayisiyo encinyane—encinyane indawo engelalutho ehlezi phandle ngaphakathi kwenkangala. Yintaba enkulu. Iyaphuma, sengathi itshekile njenga *lokhu*, futhi iphumele phezulu esiqongweni, futhi ikhangele phandle ngasolwandle. Futhi uElija loGehazi bagijima indlela yonke phezulu, esiqongweni. Futhi uElija wawa ngobuso bakhe lapho, futhi waqala ukukhala kuNkulunkulu, lomhlane wakhe

utshibilikiselwe eNtshonalanga, ekhangele elangeni. Iminyaka emithathu lenyanga eziyisithupha, ngitsho lamazolo ehlayo. Wathi kuGehazi, “Hamba ukhangele ubone uba ubona ulutho, iyezi eliphuma olwandle.”

Wama kulintaba, ekhangele phandle *leyondlela*, wathi, “Kangiboni lutho.”

¹³⁷ Wahlala khonapho. “Nkulunkulu, nxa abantu laba bephendukile, nxa abantu laba sebebuyele Kuwe, nxa belungiselele ukusuka kuwo wonke lumbhedo futhi babuyela eLizwini Lakho, khona-ke UnguNkulunkulu, ukuphendula iLizwi Lakho.”

¹³⁸ Mangikhulume into efanayo lamuhla. Thatha izinhlanganiso zamasonto lezi futhi uzephule, likhohlwe ukwehlukana kwenhlanganiso zamasonto, futhi uvumele abantu babuyele eLizwini likaNkulunkulu, emzileni wokubazela. Ngizafakaza kini kuloNkulunkulu olokhu ephendula ngoMlilo.

¹³⁹ Wothi abantu babizele kuNkulunkulu. Wothi...?. . .bizele umuntu. Wothi abantu babizele umprofethi. UNkulunkulu uzamfaka enkundleni. Ngiyagolomba izizwe ukukwenza lokho. Wanini ngobuso benu futhi libizele kuNkulunkulu, ukuthumela umkhululi, futhi khangela lokho okwenzakalayo. Kwenze nje kanye, uNkulunkulu uzaphendula. UNkulunkulu uhlezi ekwenza.

¹⁴⁰ Wawela phansi futhi wathi, “Nkulunkulu, akube njalo lamuhla. Abantu laba bake bamelana Lawe. Abantu laba bephukile baba yizozonke inhlobo zenhlanganiso zamasonto phandle-le. Kodwa, lamuhla, Uzifakazile Sibisakho. UnguNkulunkulu. Futhi abantu bathi, ‘Lahlela khatshana uBhalimu.’ Futhi ngibulele zona izinkulungwane zabapristi. Abasekho endleleni manje, Nkosi. Zonke izenqabelo azisekho, imigoqo emincane eyayisehlukanisa.”

IMethodisti ingathanda ukubuya ikhonze leBaptist; iBaptist ingathanda ukubuya kanye lamaPhentekhostali; abaqinisekileyo enhliziyweni phansi-le, labo abathembekileyo abazinkulungwane eziyisikhombisa. Kodwa abangeke bakwenze. Nxa bengakwenza, bakhahlelwa phandle kwamabandla abo. Abanye babo kabalandaba. Bayabuya, kungenani. Kunjalo.

¹⁴¹ Kodwa makuthi bona bonke bephulele phansi lolobandlululo futhi bahlangane ndawonye, futhi bathi, “Sizakhohlwa zonke lezi lapha izivumokholo lamakhathekazi, lakho konke esibala kikhohlo. Asibuyeleni eLizwini leNkosi.” Khangela lokho okuzathathi ndawoke. UNkulunkulu uzakubavusela umprofethi, Ngeqiniso uzakwenza, okuzakuletha Khona phansi kibo, nxa belungele ukuKwamukela. Okokuqala, kumele bakhuleke. UNkulunkulu ulindele.

¹⁴² Kakumangalisi yini ukuthi uNkulunkulu ufuna abantu babe lengxenye kikho? Lapho uJesu ekhangela phandle phezu kwesivuno, Wathi, “Isivuno sivuthiwe. Izisebenzi zinlutshwane. Khulekani iNkosi yesivuno,” lowo kwakuNguye. “Khulekani Kimi, ukuthi Ngilithumela izisebenzi esivunweni Sami.” Ngenye ingxenye okufanele uyenze. UNkulunkulu ulindele iBandla Lakhe ukubizela Kuye. Uhlezi ekwenza. UNkulunkulu ulindele lamuhla ebantwini ukubiza inceku Yakhe ekwenzeni. Futhi inceku ayingeke ingene ekwenzeni abantu baze bakhuleke.

¹⁴³ UIsrayeli wayengeke angene ekwenzeni phansi lapho, kanye lezibonakaliso lezimangaliso, baze bawa ngobuso babo futhi bakhulekela umkhululi. UNkulunkulu wayelomkhululi Wakhe. UNkulunkulu wayelomprofethi elindele phezulu lapho enkangala, wamgcina lapho okweminyaka engamatshumi amane, ebalindele ukuthi balunge, ukukhuleka. Kodwa lapho belunga futhi baqala ukukhuleka, khona-ke uNkulunkulu wathumela umkhululi.

UNkulunkulu uzakwenza into efanayo lamuhla, nxa abantu bengabuthana nje ndawonye, bangene ekukhulekeni. Kulungile.

¹⁴⁴ Wayeyisibonakaliso kulabo baprofethi bamanga lakuAhabhu, ukuthi wayeyinceku kaNkulunkulu. Wayengumprofethi kaNkulunkulu. Khona-ke, laye wayeyisibonakaliso kuIsrayeli, ukuthi wayengavala amazulu kumbe avule amazulu, lapho efisa ukukwenza. Wayeyiso ngeqiniso.

Ngitshela oyedwa ongavala amazulu, ngitshengise oyedwa ongavula amazulu, ngaphandle kukaNkulunkulu. Futhi iLizwi likaNkulunkulu, kumbe, iLizwi likaNkulunkulu lilabaprofethi.

¹⁴⁵ UMikhaya, isibonakaliso kuJehoshafathi. UMikhaya wayeyisibonakaliso kuJehoshafathi, ukuthi uNkulunkulu uyagcina umprofethi weqiniso esandleni.

¹⁴⁶ Manje nanzelela. Wayelabaprofethi abangamakhulu amane, uAhabhu wayelabo, futhi wabiza labo abaprofethi abangamakhulu amane. Futhi ngangqondonye bamtshela. Futhi kanti, phansi kuleyonhliziyo kaJehoshafathi, indoda kaNkulunkulu, wayekwazi ukuthi kwakulenywe into engalunganga. Wayekwazi ukuthi kwakulenywe into engalunganga. Wathi, “Awula omunye oyedwa?”

¹⁴⁷ “Emva kwamakhulu amane bemile lapho?” Wathi, “Laba bonke ngabaprofethi, abaprofethi bakaJehova.” Kulama—amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, abakaMunye, o, minabo, minabo, aboZiqu ntathu, lazo zonke inhlobo ezehlukenywe. “Silabo bonke lapha, futhi ngangqondonye bathi leli yilizwe elikhuluzani elikhona. Kasilalutho lokwesaba.” Njengomfana omcinyane etshaya umlozwi emangcwabeni, uyazi, lapho esesaba. Ungakhathazeki ngalokho.

Wathi, “Kodwa kalilaye omunye oyedwa?”

Wathi, “O, yebo, ukhona omunye lapha, kodwa,” wathi, “Ngiyamzonda.” Bona? Wathi, “Uhlezi ekhuluma okubi ngalelizwe. Uhlezi ekhuluma into embi izakwenzakala kithi.”

¹⁴⁸ UJehoshafathi wathi, “Nginga—ngingathanda ukumuzwa.” O, yebo!

Wayeyini? Isibonakaliso. Kungenani lokuthi zingaki izinhlanganiso kumbe inhlanganiso zamasono, uNkulunkulu ulokhu esaselaye umprofethi ohlala leLizwi.

¹⁴⁹ UJehoshafathi wayesazi ukuthi uAhabhu wayeselahlwe, ngoba lowo mprofethi weqiniso, uElija, wayeyisibonakaliso ezizweni, wathi, “Izinja zizakhotha igazi lakho, ukubuya lapha.” Kunjalo. Wayekwazi ukuthi uJezebheli kanye laye babelakho kusiza kibo. Wayekwazi ukuthi kwakwenza. Bona?

¹⁵⁰ Futhi uMikhaya, uMikhaya wathi...Ba—babuya kuye futhi bathi, “Manje, ngizakutshela, nxa ufuna ukungena kunhlanganiso elandelayo, ngizakutshela lokho okumele ukwenze. Vuma nje ukuthi bonke laba abathshumayeli baqondile. Bona? Wena umtshele, ‘Qhubeka wenyuke.’” Futhi wathi, “Vuma nje.” Wathi, “Ngizakutshela lokho esingakwenza. Sizakwenza...Sizabona ukuthi uyangena enhlanganisweni yethu, nxa nje ungenza lokho, bona, nxa nje ungayekethisa kokulutshwane kwalezi zinto lapha okhuluma ngazo. Wena tshengisa nje, hamba, vumelana labo, qhubeka labo.” Huh-huh! Ungacabanga umprofethi weqiniso kaNkulunkulu esuka eLizwini likaNkulunkulu? Ungakucabanga na?

“Awu,” laba bafo bathi, “kodwa, sabona umbono,” abaprofethi laba abangamakhulu amane. “Siyakwazi. Singaba profethi. Siyakwazi, ngoba singabaprofethi.”

¹⁵¹ UMikhaya wathi, “Angithandabuzi kodwa ukuthi ubone umbono. Angikuthandabuzi lakancinyane, lokho okubonileyo, umbono, kodwa akuhambelani laleleLizwi.” Ameni. Wathi, “Ngabona umbono, lami.” Ameni. O, isihawu! Wayeyisibonakaliso. Wayeyisibonakaliso. Wathi, “Ngabona umbono, futhi ngabona uSrayeli, njengezimvu, zihlakazekile oqaqeni, zingelamalusi.”

Futhi lowu umbonisi omkhulu, ubhishopi, weza kuye futhi wamwakala emlonyeni. Wathi, “Uyengaphi uMoya kaNkulunkulu lapho Uphuma phandle kwami?”

¹⁵² Wathi, “Uzakubona lapho usentolongweni. Uzabona.”

Yena, uAhabhu wathi, “Faka lowo mfo entolongweni. Umdlise lesisinkwa sosizi, njalo umnike amanzi osizi, ukunatha.” Wathi, “Lapho ngiphenduka ngokuthula,” wathi, “khona-ke ngizakhangelana laye.”

¹⁵³ UMikhaya omdala wema lapho elo ITSHO KANJE INKOSI. Wathi, “Nxa ungavele uphenduke, uNkulunkulu kazange akhulume lami.” Hum! Yikho lokho. Wayeyini?

Wayeyisibonakaliso, ukuthi abaprofethi bakaJehova, abaprofethi bakaNkulunkulu, bahlala leLizwi likaNkulunkulu.

¹⁵⁴ Ulomprofethi othi kumele ubhaphathizwe ngezihloko zika “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele,” ngumprofethi wamanga. Nxa usithi kulomprofethi phakathi kwenu, othi, “KulaboNkulunkulu abathathu,” ngumprofethi wamanga. Akula Mbhalo wakho. Kunjalo. Kodwa umprofethi weqiniso kaNkulunkulu uzahlala laleloLizwi. Futhi nxa umbono wakhe uphikisana laleloLizwi, akasuye umprofethi weqiniso ovela kuNkulunkulu.

¹⁵⁵ Akulandawo, eBhayibhilini, loba ngubani owake wabhaphathizwa ngesihloko sika “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele.”

¹⁵⁶ Khangela uPhawuli, phezulu lapho entolongweni, umJuda omcinyane, olamakhala ayingwegwe, elempabanga, elele phezulu lapho, eqeda iminyaka engamatshumi amabili, entolongweni yeRoma. Wabhala incwadi lezi. Manje, ucabanga ukuthi abafazi abangabathumayeli bacabangani ngoPhawuli, lapho esithi, “Abafazi mabathule emabandleni. Angibavumeli ukukhuluma?” Ngiyacabanga babengabe bemsebenze sibili.

Ucabanga ukuthi bona obhishopi bacabangani, bona obhishopi, lapho esitsho zonke lezi izinto ezitshiyeneyo, “Tshiya *lokhu* lapha linto, *lalokhu* lapha, konke *lokhu, lokho*,” uPhawuli ebatshela? “Ngubani lumfo, kungenani, lindoda ilele phezulu lapho entolongweni?” Kodwa wayehlangane loJesu. Wayekwazi lokho ayekhuluma ngakho.

Futhi phandle kwalelo qembu elifanayo, emva kokufa kukaPhawuli, bacina bebumba, phakathi kwaleloqembu labobhishopi lezikhulu, kuNicene Khansili, futhi lokho kwabumba ibandla leKatolika, lisuka eLizwini likaNkulunkulu. Nanko kweza owakho u “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele.” Ngiyagolomba loba ngubani, loba ngaphi, loba yisiphi isizwe, ukufakaza ukuthi kayisikho.

¹⁵⁷ ITSHO KANJE INKOSI. Ubhaphathizo usebenzisa isihloko sika “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele” ngamanga. ITSHO KANJE INKOSI. Ngilayela lonke, elikhona lapha kumbe ethephini, labo abangababhaphathizwa eBizweni lika “Jesu Khristu,” bhaphathizwani njalo eBizweni lika Jesu Khristu.

¹⁵⁸ Uphawuli, kuMisebenzi, 5:9, kumbe, 19:5, wathi, “Selamukela uMoya oNgcwele selokhu lakholwayo?”

Bathi, “Kasikwazi loba kuloMoya oNgcwele.”

Wathi, “Khona-ke labhaphathizelwa kukuphi?”

¹⁵⁹ Bathi, “Sabhaphathizwa,” kodwa hatshi ngobhaphathizo lwesiKhristu.

“Baba, Ndodana, loMoya oNgcwele” akusilo bhaphathizo lwesiKhristu. AkulamKhristu owake wabhaphathizwa kanjalo,

eBhayibhilini kumbe okwamakhulu eminyaka ngemva kweBhayibhili. Yisivumankolo seKatolika, futhi hatshi iMfundiso yesiKhristu. Ngitshengise eBhayibhilini. Yiku—yikuqilibizelwa. Yikusebenza kwabodeveli.

Angitsho ukuthi abantu ababhaphathiziweyo njengalokho bangaleyondlela. UNkulunkulu ulabantu abanengi phandle lapho lamuhla abangazingcono.

¹⁶⁰ Kodwa, ihola selifikile, kumele sibuyele eLizwini nxa sikhangelele uNkulunkulu ukusebenza kulolusuku njengalokho Akwenzayo lesosikhathi.

¹⁶¹ Ngathi kumama wami lapho esifa, engakafi. Ngathi, “Mama, lapho ngisiba ngumKhristu, njengomfana, ngaqala ukudinga lokufumana. Ngabakwazi ukuthi kwakuloNkulunkulu, emibonweni oyaziyo, lezinto ezenzakalayo indlela yonke phansi empilweni.” Ngathi, “Khona-ke ngafumana ibandla leKatolika lathi, ‘Silibandla. Akwenzi ngitsho umehluko ukuthi iBhayibhili lithini. Siyakukholwa Lokho ukuba kulungile, kodwa, silibandla. Lokho esikutshoyo, uNkulunkulu uyabopha eZulwini.’ Futhi-ke, khona-ke, bayakwenza *ngalindlela*. Lowo ngumzimba munye. AmaLuthela athi, ‘Baphambukile. Sikukholwa *ngalindlela*.’ AmaBaptisti athi, ‘Bonke baphambukile. Sikukholwa *ngalindlela*.’ Futhi kulamakhulu emizimba leyo.”

Ngani, ungaba lokho kanjani? Nguphi wabo oqondileyo? KuleNto eyodwa eqondileyo. AngiYazanga ngalesosikhathi.

¹⁶² Ngathi, “Mama, ngabuyela emuva eBhayibhilini futhi ngafumana indlela labo abapostoli bakuqala, uhlobo bani lwebandla ababelalo, ukuthi bafundisa njani, futhi lezinto abazenzayo. Ngikwenzile nje ngendlela abakwenza ngayo xhathu, indlela iBhayibhili elakutshoyo, futhi ngathola impumela efanayo.” Amen. Lixolele isitsho, kodwa u—ubufakazi bephudingi yikuyidla yona. Kuliqiniso lokho. Ngathola impumela efanayo abayitholayo. Yebo.

¹⁶³ Ngakho, awungeke wakhe ithemba entweni okulendlela ezingamakhulu ayisificamunwemunye ezitshiyeneyo, zokuhamba *ngalindlela laleyondlela*.

Khona-ke ngafumana, eBhayibhilini, ukuthi uJesu wathi, Sibisakhe, “Uba umuntu engathatha iLizwi elilodwa, kumbe aLiguqule, kuleliBhuku; loba ngubani ozangezelela olunye ulutho Kilo, kumbe akhuphe loba yikuyini Kilo; ofanayo uzakususwa, ingxenye yakhe yeBhuku lokuPhila.” Kwatshengisa wayelebizo lakhe lapho, kulungile, kodwa lizasuswa. O!

¹⁶⁴ Kumele siphenduke kuleliLizwi. “Amazulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa iLizwi Lami alisoze lehluleke.” Yebo, mnumzana. “ILizwi lonke lomuntu malibe ngamanga. Elami libe liqiniso,” watsho uJesu. Kasihlalani leLizwi. Yebo. O, minabo! Yebo.

165 UJehoshafathi uyakwazi ukuthi uNkulunkulu uyagcina oqotho, umprofethi weqiniso ohlala leLizwi Lakhe futhi engasoze aLiyekethise. Hatshi, mnumzana.

166 Wahlala khona kanye Lalo. Amakhulu amane ephikisana laye, leziprofethi zabo, njalo. Kodwa esakhe sasiyiLizwi likaNkulunkulu, lesibonakaliso esifanayo lezinto.

Futhi ngithi, lamuhla, lokho esikufunayo lamuhla yindoda, umprofethi, ozaphakama phakathi kwethu, ozahlala leLizwi likaNkulunkulu kungenani lalokho omunye umuntu akutshoyo, kumbe loba yini inhlanganiso yesonto eyakutshoyo.

167 UMikhaya wayengela omxhasayo. UMose wayengela omxhasayo. UNowa wayengela omxhasayo. Ngitsho lamunye wabo, kuphela, oxhasayo. Konke kumelana labo. Kodwa yizibonakaliso ensukwini ezimbi uNkulunkulu engakathumeli ukwahlulelwa. Futhi uNkulunkulu uyagcina iLizwi Lakhe futhi ufuna iLizwi Lakhe ligcinwe ngabantu Bakhe. Dumisa iNkosi.

Manje, ngisehla phansi ekuvaleni, okwemizuzu nje emilutshwane manje. Manje lalélisisani.

168 “Kwakulendoda eyathunywa ivela kuNkulunkulu ibizo lakhe kwakunguJohane,” isibonakaliso somprofethi. UJesu engakabuyi emhlabeni, ukuzimemezela Sibisakhe, Wathumela umprofethi phambi Kwakhe. Wakwenza yini? Wathumela umprofethi, uElija weThestamente eliDala, waprofethwa ukubuya emandleni kaElija weThestamente eliDala. Wayeyakuba yisibonakaliso somprofethi ukuthi uJesu wayesiza, ukuthi kwakuzakuba loMesiya ozayo.

169 Futhi uJohane waphuma enkangala, wayeyisibonakaliso ukuthi uMesiya wayesendleleni Yakhe. Lapho uJohane ebonakala, uIsrayeli wayemele abekwazi, ngabaprofethi babo.

Yikho lapho abantu abakweqa khona. Kabakholwa abaprofethi babo. Kabakholwa. “Asikholwa lokho uPhetro akutshoyo ukuthi kwakulungile, ngoSuku lwePhentekhosti.” Abakukholwa ukuthi lokho kunjalo. Abakholwa lokho uPhawuli akutshoyo, into efanayo uPhetro ayenzayo. Wathi, “Uba iNgilosi evela eZulwini itshumayela elinye ilizwi, akabe ngoqalekisiweyo.” Abakukholwa lokho. Bona? Abakukholwa.

Futhi abazange bakholwe abaprofethi babo. Aluba babekwazile, bazakubakwazi ukuthi uSaya wathi, “Kuzakuba lelizwi lalowo omemezayo enkangala, ozalungiselela indlela phambi kweNkosi.” Kwakumele ngabe bakwazi. Wayengumprofethi, inkosana yabaprofethi. Wabatshela, kodwa kabazange bakukholwe. Hatshi, hatshi. Wathi, “KuloMesiya ozayo.”

170 Lindoda kwakuyindoda ethunywe ivela kuNkulunkulu. O, bazalwane! Wayengela balandeli. UNkulunkulu wamnika abalandeli, umhlambi omncinyane, njengalokho Akwenza

uElija. UNkulunkulu wamnika abalandeli bakhe. Akazange abathole kwenye inhlanganiso yepolitiki. Watshumayela iLizwi, wahlala eLizwini likaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wamnika umhlambi omncinyane. UElija wahlala eLizwini likaNkulunkulu. UNkulunkulu wamnika umhlambi omncinyane.

¹⁷¹ Lindoda yayingela kuxhaswa. Wayengela balandeli, kungela omxhasayo, wayengasi wenhlanganiso yesonto, kacelanga lutho futhi kesabanga lutho. Lowo kwakunguJohane. Ngani? Wayeyindoda eyathunywa ivela kuNkulunkulu. Yiso isizatho wema. WayenguElija emile lapho, ukutshengisa ebantwini ukuthi uMesiya wayesiza. Wathi, “Ngiyilizwi lakhe lowo omemezayo enkangala, njengo kutsho umprofethi uSaya. Lungiselelani ukuhlngana leNkosi.”

¹⁷² Bona abaFarisi labaSadusi bema phandle lapho futhi baphikisana ngamazazi abo lezinto. Khona lapho besaphikisana lokuphophotisana ngakho, khona phakathi kwabo kwabuya uMesiya, ehamba.

¹⁷³ UJohane wathi, “Khangela, nango Elapha.” Haleluya! Mkhangeleni. Wayemazisile Yena. “Nango Elapho. Umile khona phakathi kwenu khathesi.”

Phose ngalesosikhathi, amazulu aduma. UJesu wahamba emanzini. Futhi uJohane wafakaza, ebona uMoya kaNkulunkulu, njengejuba, usehla phansi. ILizwi liklabalala, “Leyi yiNdodana Yami ethandekayo eNgithokoza ukuhlala kiyo.” O, minabo, minabo!

¹⁷⁴ UJohane wathi, “Manje kufanele nginciphe. Yena uzakhula.” O, umprofethi bani, isibonakaliso kuIsrayeli! Yebo, mnumzana.

¹⁷⁵ Wayengumuntu othunywe evela kuNkulunkulu, loba ubaba wakhe wayengumpristi. O, yebo. Ubaba wakhe, uZakhariya, wayengumpristi. Kodwa likelakunanzelela? UNkulunkulu wayengeke avumele lowomprofethi axubaniseke lezinhlanganiso zabo. Ubaba wakhe engabe emhambise esikolweni sesayensi yezenkolo, kwenkulu iBani-bani nhlanganiso yesonto, wamenza umtshumayeli olungileyo, uyazi, futhi wamfundisa konke, futhi wamnika izinto ezinengi ayengafanelanga abe lazo. Kodwa uNkulunkulu wayengelakuvumela umphefumulo wakhe ungcoliswe. Liyazwisisa na? Wayengeke ayekele leyondoda ixubaniseke lezinhlanganiso. Wayengayisuye womunye wabo, engekho kuzinhlelo, abaFarisi, abaSadusi, kumbe umHerodiya, kumbe loba yini okungaba yikho. UNkulunkulu wayengeke akuvumele.

¹⁷⁶ Waba lokuzalwa okungejwalekanga. Wayengumntwana ongejwayelekanga. Wayengumprofethi. Ubaba wakhe wayengumpristi, kodwa Wayengeke amyekele axubaniseke kanye labazenzisi babo bonke, inkolo yesiFarisi lezinto. Kuyini

Akwenzayo? Wamusa phandle enkangala futhi wamfundisa enkangala.

¹⁷⁷ Yikufundiswa bani! Amen. Wamfundisa ngesehlakalo. Yikho okudlula konke, ukwazi uNkulunkulu. Lapho ephuma, wazi khona kanye ukuthi umlayezo wakhe wawuyini. UNkulunkulu waqinisa lowo mlayezo.

Kungaphi lapho akuqinisa khona? Emfuleni. Manje, nxa ungenza okubili lokubili. Bona? Emfuleni!

Wathi, “Ngiyilizwi lalowo omemezayo enkangala, ‘Lungisani indlela yeNkosi, liqondise indledlana Zayo.’”

¹⁷⁸ UJohane, indoda ethunywe ivela kuNkulunkulu. UNkulunkulu wayengeke amvumele angcoliswe yikho. Wamfundisa enkangala, ngoNkulunkulu. Wamfundisa kungasikho ezikolweni zabo, kungayisikho isayensi yenkolo zabo. Nxa wayengakwenza, wayezakuba efunzwe ngemfundiso lezinto ezinjengalezo elaphuma ezikolo lamuhla, zonke inhlobo zezikolo. Hatshi nje iPresbyterian, iBaptisti lamaMethodisti, kodwa izikolo zePhentekhostali, kubi ngokufanayo, loba yiziphi izikolo zesayensi yenkolo, ziyabaletsa phandle lapho. O!

¹⁷⁹ Ukubuya kwakhe, watshela uMoya, kaIsaya. Ukubuya kwakhe, ukubuya kukaJohane, kwabikezelwa eMbhaliweni. UIsaya 40:3 wathi, “Ngizathumela isithunywa Sami phambi Kwami, lungisani indlela,” kumbe, lowo kwakunguMalakhi 3. Wathi...Malakhi 3 wathi Wayezathumela isithunywa Sakhe phambi Kwakhe. Umprofethi, umprofethi wokucina, wakhuluma ngaye. Into yokucina eyakhuluma ngaye. Khumbula, iBhuku lokucina leThestamente eliDala lakhuluma ukuthi uElija uzabuya kubantwana bakoIsrayeli ngaphambi kokubonakala kukaMesiya.

¹⁸⁰ Selilungiselele? IBhuku lokucina eBhayibhilini, iSambulo, liyasitshengisa ukuthi kuzakubakhona ukuphenduka kwakhe osukwini lokucina, ebandleni labeZizwe, isibonakaliso. Ukuthi baseqa kanjani! Waprofethwa ukubuya njalo, ngaphambi nje kokukhulu lokuBuya kweNkosi kwesibili. KuMala-... KuMalakhi isahluko 4, kuSambulo njalo, isahluko 3, siyasitshela ukuthi uzakuba lapha ensukwini zokucina. Lowo ofanayo, ozakuma emkhandlwini ukwenzela abantu, lomhlambi omncinyane uNkulunkulu azamupha wona, uzabuya ensukwini zokucina. UNkulunkulu watsho njalo. Uzakuba yisibonakaliso kulesi isizwe sabeZizwe, ukuthi isikhathi sakhe asisekho.

¹⁸¹ Futhi, khumbula, lapho ebonakala enkundleni, isikhathi sesisondele. Asimkhulekeleni uNkulunkulu amthumele. Isikhathi sesifikile.

¹⁸² Masinya lapho inkonzo yakhe isiphelile, uMesiya wazibonakalisa Sibisakhe. Masinya lapho lowu omkhulu ezakuba ensukwini zokucina, uzaqeda inkonzo yakhe, uMesiya

uzazibonakalisa Sibisakhe. Kuzakuba njalo. Isikhathi sesifikile, ngakho kungcono sikhuleke. Kungcono uqale ukukhuleka.

¹⁸³ Isibonakaliso sakhe esiphiwe nguNkulunkulu kulesi isikhathi sizafakaza kulokho ayikho. Wonke umuntu uzabakwazi. UNkulunkulu uzakuqinisa. Uzatshengisa izibonakaliso lezimangaliso njengalokho okungakaze kwenziwe emhlabeni, ngakho. Angitsho ukudlukuza, ukunyikinyeka, lokukhuluma ngendimi. Uzakusekelwa ngeLizwi likaNkulunkulu, njenga lokho lindoda eyayiyikho. Ngani? Waprofethwa ekubuyeni, kuMalakhi 4 loSambulo 3, ngakho uzabuya. Akulanto ezakummisa; uyeza. Ameni. Uzakuba lapha. Ameni. Abantu mabawe ngobuso babo lamuhla futhi baqale ukukhala kuNkulunkulu, futhi ukhangele lokho okwenzakalayo. Uzambona ebonakala emandleni. Yebo, mnumzana.

¹⁸⁴ Mayelana ngoMbhala, esakhe isibonakaliso soMbiko sizakuba yiku “phendula.” Kuyini okuzakuba ngokwakhe... Sizakumazi ngokuba yini? Sizakuba kwazi njani ukuthi kunguye oqondileyo?

¹⁸⁵ Liyazi, uIsrayeli wabuza lokho ngesinye isikhathi, kuDuteronomi, isahluko 20...indima 20, ngiyakholwa kuyiyo. Wathi, “Sizakubakwazi njani ukuthi lowu uzakuba ngokuqondileyo?”

Sikwazi njani? UNkulunkulu uyasitshela ukuthi sizamazi. Kuyini azakwenza na? “Uzabe ebuyisela inhliziyi zabantwana zibuyele kuMbiko wakuqala wephentekhostali ekuqaleni.” O, minabo!

¹⁸⁶ Isibonakaliso esingananzelelwayo, isibonakaliso esiqotho, futhi bayaseqa. Bahlezi bekwenza.

¹⁸⁷ Sibuyele eBandleni leqiniso, uMbiko weqiniso! Uzakuma yedwa emelana lenhlanganiso yesonto, ngesibindi futhi engela kwesaba, elo ITSHO KANJE INKOSI. Akayi kuyekethisa laloba yiphi inhlanganiso yesonto. Akayi kuba lolutho lokwenza laloba yiphi eyinye; uyakube engancengi lutho. Uzakuba eqondile eLizwini, ITSHO KANJE INKOSI. UNkulunkulu uzakuqinisa inkonzo yakhe ngezibonakaliso lezimangaliso, ukwambula okukhulu kweLizwi, futhi eletha ebantwini. Lusuku bani oselufikile! Njenge...Uzakuma njengoPhetro loJohane abakwenzayo, ngamuva, ngoSuku lwePhentekhosti.

Emva kwePhentekhosti, ukuthi babegwaliswe ngoMoya oNgcwele, bebhaphathizwe lapho, bama phakathi kulowo mthethwandaba weSanhedrin. Bama lapho ngesibindi sonke ababengama ngaso. Lapho, besithi, “Siyaliyalela ukufundisa eBizweni likaJesu, njalo futhi.”

¹⁸⁸ Wathi, “Ngabe kusilungele ukulilalela, kumbe uNkulunkulu? Zahluleleni lina ngokwenu.” Abangaziyo, abangafundanga. Ameni. Babengabaprofethi.

Babengabaprofethi begcotshwe nguNkulunkulu. Babe yizibonakaliso zikaMoya oNgcwele. Babengabaprofethi. Babekwazi.

¹⁸⁹ Babe njengoJohane. Babephezulu lapho ePhentekhosti futhi babethole enye into.

Babengekho njengabanye babatshumayeli bethu lamuhla, ozenzela okwakhe, beziqhenya ngokuthi yinhlanganiso bani enkulu esilayo, bangaki esilabo emaqenjini ethu amakhulu. “Sima njengenhlanganiso enkulu. Senza umsebenzi omkhulu wamamishinari.” O, isihawu! “O, silamaxuku amakhulu ukwedlula bonke abanye babo.” Kuyini? Yikudonsa kwezepolitiki. Ngifuna ukuthi lilalelisise, elandelayo emibili, imizuzu emithathu. Ukudonsa kwepolitiki.

¹⁹⁰ Impela ngikhulume enye into, imizuzu emilutshwane edluleyo, uyazi lokho engikhuluma ngakho. Isibonakaliso esiprofithiweyo. Ngakutshiya kunjalo, ngakubeka phezu kwamathangazi enu. Bona? Awu, hatshi lina lapha kuphela, kodwa labo abazakuzwa. Kusemathangazini enu. Yenzani ngakho loba yini elikufunayo. Ukhuleke, futhi ukhangele uNkulunkulu ehamba enkundleni. Mkhangeleni egcwalisa iLizwi Lakhe. Ulindele.

¹⁹¹ Lapho amabhomba e-atomu, labantu besesaba; lePentagon, abakwazi lokho okokwenza; lezibonakaliso ezingazwisisekiyo ezibhakabhakeni, zamasosa aphaphayo, lakho konke lokho uNkulunkulu akubikezelayo: Yisikhathi salowo Elija, (ukwenye indawo), aphakame enkundleni.

¹⁹² Wothi abantu, wothi lowo mhlambi omncinyane, leyonsali encinyane uNkulunkulu azamupha yona, wothi leyonsali encinyane iye ekubizeleni uNkulunkulu, futhi khangelani lokho okwenzakalayo. Kuzakuba lokutshengiselana kwesizwe. Kuzakuba lamandla abangakaze bawabone ngaphambili. Uhlupho lwakho yikuthi, lesisikhathi, kuzakuba sekuphuzile kubo lesosikhathi. Iminyango izakuba ivaliwe. Ngakho, khumbula, sesisesikhathini sokucina. Khuleka.

¹⁹³ Khangela lamuhla lokho esikubiza ngokuthi yinkonzo. Kuyini esilakho? Manje, ekuvaleni, ngifuna ukutsho lokhu. Kuyini esilakho? Asilalutho. Abanye babakhokheli bethu abakhulu, abavangeli bethu abakhulu; omunye wabavangeli bethu abakhulu wathi, “Nxa ngingathola amaphesenti alitshumi abaphendukayo bami bebambelele, umnyaka, ngizakuba lokubonga sibili.” Lapho, loba kungekho emuva ukwedlula uFinney, wayelamaphesenti angamatshumi ayisificamunwemunye lesikhombisa abo.

UPhawuli wayelekhulu lokuhlanganiswe lekhulu, amakhulu kuhlanganiswe lamakhulu. Omunye wasindiswa, futhi, wagcwaliswa, mfowethu, wahamba watshela omunye umuntu;

watshela omunye umuntu; futhi watshela omunye umuntu; kwaya kuzigidi. Ngani? Babelenye into. Babese Lizwini.

¹⁹⁴ Lamuhla, sicabanga nje ngamaxuku amakhulu. Kuyini? Kuyinhlanganiso yepolitiki. Nxa sibuya, omunye umvangeli omkhulu weza edolobheni, kuyini okubuya kuqala? Iqembu lamadoda. Nxa wonke amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, bonke bona, benza nje inzuzo encinyane leyo, baya, “Laba bengatshumayela kuphela *lokhu*, futhi angeke atshumayele *lokho*, futhi angeke atshumayele *lokhu*, kodwa engatshumayela *lokho*,” kuyini elilakho na?

¹⁹⁵ Futhi bayahamba phezulu lapho, abafazi. Ngikhuluma ngamaPhentekhostali. Abafazi bayangena phakathi lapho, phezulu ku-altare, bayaqhubeka benxusa.

¹⁹⁶ Bengihlezi ngimelana lokubizela ku-altare. Ngcono ngikukhulume. Angikholwa kiwo. Akulanto enjalo eBhayibhili. Umuntu angabuya kanjani ngaphandle uNkulunkulu ambize? Wawungeke umvalele. Awudingi ukubiza ulutho. UNkulunkulu umbizile. Ukubizela ku-alatre ngumqondo wamaMethodisti. Kunjalo. Ukubizelwa ku-altare, bayababamba, bathi, “John, uyazi, umama wakho wafa isikhathi eside esedlulayo.”

¹⁹⁷ “Ooh-oo-oo, yebo, mfowethu, ooh-oo!” Lokho akusikho kuphenduka.

¹⁹⁸ Lapha, ubusuku obulutshwana obedluleyo, sasi lokutshengisela eLouisville, okomfazi owangeniswa esebhokisini, walaliswa phezu kwepulatifomu yendlu okugcinelwa izikhali. “Amakhulu abantu,” bathi, “gijimelani ku-altare.” IVangeli alisilo lokwethusela. Alisilo lomuzwa wozwelo. Yikuguqulwa kokukholwa.

¹⁹⁹ Khangela okwaleyi imihlangano, laba abavangeli abakhulu, futhi loba enkonzweni yami ethobekileyo encinyane, ngingazitshiyi. Kwezinye izikhathi ngizwa ngisiba lenhloni, ngiphuma. Kunjalo. Sizakwenza njani? Sime senze ukubizela ku-altare futhi sibancenge. Amankazana amancane abuye phezulu lapho, futhi bonke behlafuna itshingamu, besithi, “Bona? Bona? Sengihamba. Uh-huh.” Abafazi laba babuya phezulu lapho, kanye lenwele ezigeliweyo lobuso obupendiweyo, amaPhentekhostali, futhi bangena phakathi, futhi baphume, futhi bathi bakhulume ngendimi. Futhi bengavumeli inwele zabo zikhule, futhi lokhu besenza into efanayo abayenza. Ungitshela ukuthi yikuphenduka? Lokho yikuhleka usulu uNkulunkulu. IBhayibhili lathi, “Kuyisono lehlazo kibo ukuquma inwele zabo.” Umfazi olenwele ezigeliweyo angalahla kanjani umfazi olependa ebusweni bakhe? Ngcono ukuzwe. Ihola liyeza, ihloka lize libekwe empandeni yesihlahla. Futhi sonke isihlahla esingaletshi isithelo esihle siyaganyulelwa phansi.

²⁰⁰ Luyini uhlupho? Kwakukubi, ngoba abethu besimanje, abathiwa ngabatshumayeli phandle lapha, iqembu elikhulu labazikhukhumezayo, izinhlanganiso azazi lutho ngoNkulunkulu njengomHottentot esazi ngobusuku baseGibhite, lapho kusiza. Bayahamba phezulu lapho . . .

²⁰¹ Aluba abantu ePhentekhosti babehambe phezulu lapho futhi bathi, “Manje, uJesu wasilaya ukuthi kumele sihambe phezulu lapha futhi sihlale size samukele amandla avela Phezulu. Manje, bazalwane, besilapha insuku eziyisificamunwemunye, selokhu. Asikwamukeleni, ngokholo. Manje, siloMoya oNgcwele. Siyaphuma, ngoba besilapha. Senze lokho uJesu asitshela ukuthi sikwenze?” Kwakungasoze kube lesehlakalo.

²⁰² Ake ngikutshela enye into. Ngiyazi lokhu kusethephini, kodwa nanku kusiza, kungelani. Lalelani. Ngizalitshela enye into. Kulihlazo. Abantu bezama uku . . . Angikaze ngikholwe ukuthi uMoya oNgcwele wawuyiku “nyikinyeka.” Angikaze ngikholwe ukuthi uMoya oNgcwele wawuyi “bufakazi bokukhuluma ngendimi, kumbe ukukhala, kumbe ukumemeza.” Yona yimizwa yamadlabuzane. Ngiyakholwa uMoya oNgcwele ungakwenza lokho. Kodwa uMoya oNgcwele yibuNkulunkulu obuhleziyo. Ngiyakholwa ixuku elikhulu labantu elizitsho ukuba baloMoya oNgcwele, abazi lento eyodwa Ngaye. Uhlangana loNkulunkulu.

²⁰³ Kanjani, uSuku lwePhentekhosti, bathi . . . Manje, njengamaBaptisti lamuhla, amaPresbyterian lamaMethodisti, Ngiyabuza, “Uyakholwa ukuthi ulo . . .?”

²⁰⁴ “O, yebo, siyaWamukela, ngokholo.” Ngokholo, akula. Lokho kayisikho Khona.

²⁰⁵ Kuyimizwa, uyathanda ukubona ukutshona kwelanga, uyama futhi ukhangele ilanga litshona, futhi ukhale, lenyembezi zisehla phansi, lowo kayisuye uNkulunkulu, lawo ngamadlabuzane avela kwenye into ephakathi kwakho. Uzwa ngomunye umuntu egula, kumbe omunye umuntu esifa, uyamemeza futhi ukhale. Lowo kasuye Nkulunkulu. Lawo ngamadlabuzane abantu. Kanjani uNkulunkulu . . .

²⁰⁶ Sengabona abantu emidlalweni yebhola, bayathaba sibili bagagase indebe zabo, lakho konke okunye. Ungangitsheli.

Sidinga imvuselelo, usindiso. Futhi amaPhentekhostali abuya ngalapho, abavuse abantu, futhi abatshele, “Lapho bekhuluma ngendimi, bathola uMoya oNgcwele.” Futhi abanye babo baphila zonke inhlobo zempilo, emva kwakho.

Lalela, mfowethu. NgoSuku lwePhentekhosti, kwakungenjalo. Abathembelanga phezu kwendimi kumbe enye into. Lapho besaselapho, bemile endaweni eyodwa, benhliziyonye, uNkulunkulu wehla phansi, ngempela, phakathi kwabo. Babona, phezu komunye lomunye wabo, amalangabi oMlilo, angaba njengalokho, elenga phezu

kwekhanda labo. UNkulunkulu wayelapho. Kwakungayisikho, “Kwamukele ngokholo, kumbe okunye kwamadlabuzane.” Babegcwaliswe nguMoya oNgcwele, futhi-ke baphuma futhi baqala ukukhuluma ngendimi. Kodwa, kuqala, bahlangana loNkulunkulu.

Yilo uhlupho lamhlanje. Abantu bayavuswa futhi bathabe, amadlabuzane, futhi akusiwo uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele yibuNkulunkulu obuhleziyo. Amazwi akho ngaMazwi Akhe. Ngiyalitshela, esikudingayo lamuhla, lubizo.

²⁰⁷ Abantu bayangena, abafazi njengalokho, bayangena, bakhulume ngendimi, baphenduke baphume. Futhi uhamba endaweni zabo lapho abalamabandla abo. . .

²⁰⁸ Ngiyafisa aluba uBilly ubehlezi lapha. Ngithole nje incwadi evela phansi lapho kwenye indawo, ngolunye usuku, lapho umfazi wathi, “Ngingowethile, enkulu. . .” inhlanganiso enkulu kulazonke yamaPhentekhostali, inhlanganiso enkulu yaboZiqu ntathu. Bathi, “Bonke abafazi bethu, Mfowethu Branham, bonke bayaquma inwele zabo. Ngangilenwele ezimnyama ezinde.” Wathi, “Ngangihlala ngizithanda, ngoba ngikholwa ukuthi kwakungokweNkosi.” Wathi, “Angikaze ngizipende. Ibandla lethu lifundisa ukuthi lokho yindlela yesidala.” Wathi, “Bayangitshela, lapho ngilenwele zami zigowe zabalibhanzi, ngemuva, wathi, ‘Khangela, ulevili elipontshileyo ngemuva,’ lakho konke njenga lokho. Wathi, ‘Uthwele ivili elingela moya—elingela moya ngemuva kwekhanda lakho.’” Futhi wathi, “Ekucineni, umkami wathi, ‘Kungani ungageli inwele zakho futhi ube njengabanye babo bonke?’”

Manje ngilencwadi ebuyela kuye.

Wathi, “Kunjalo na? Ngezwa enye yamathephu akho, ukuthi ubhaphathizo lwesiKhristu luseBizweni likaJesu Khristu.” Manje, liyakwazi azakuthola. Alikwazi na? Wathi, “Ngitshela, Mfowethu Branham. Ngilambile. Ngifuna ukwazi lokho engikwenzileyo.”

²⁰⁹ Ngizakuthi, “Ihlazo kulowomkakho ohlehlele emuva. Futhi leloqembu elingela buNkulunkulu okhonza lalo, phuma phakathi kwabo.” Kunjalo. UNkulunkulu angeke aguquke. Lapho uNkulunkulu ekhuluma loba yini, Uyakutsho. Angilandaba ukuthi bangaki abatshumayeli abahlehlele emuva abafuna ukuyekethisa, ukuthola inhlanganiso enkulu kumbe iqembu. Sidinga abensindiso. Amadoda azakuma bavumele abafazi babo benze njengalokho, Ngilethemba elincinyane esehlakalweni sakho sokuba ngumKhristu. Kulungile. Phenduka, kumbe ubhubhe! Minabo, bakithi!

²¹⁰ Ngena phakathi njengalokho, joyina amabandla, amabandla amaPhentekhostali, uphenduke futhi ungaguquki ngitsho lakancinyane; uhlale uyinto efanayo, unganyikinyeki ngitsho

lakancinyane. O, isihawu! Kuyini? UJezebhelu wesimanje. Kulomfazi oyedwa kuphela eBhayibhili owake wapenda ubuso bakhe, futhi uNkulunkulu wamnikela ezinjeni. OJezebhelu balamuhla bedonsa oAhabhu babo ngekhola, loba yiphi indoda eyisitabane encane ezavumela umfazi wayo ukwenza njenga lokho, agqoke okabhudula lezinto, futhi aphume phandle lapho esitaladeni futhi agqoke ngezizigqoko ezikhangeleka njengokuthi unamathele umzimba njenge njengesoseji lithe mpa njenga lokho. Futhi ahambe...Kangikutsho lokho ngokuhlekisa. Leyi akusindawo yokuhlekisa. Leli yiLizwi likaNkulunkulu. Liyiqiniso. Kunjalo. Uhambe phansi esitaladini, lesigqoko esibamba mpa kangako, usigqokile, aze angenelisi ukuhamba. Khona-ke, omunye umuntu enze isibabazo ngaye, futhi ufuna ukumlwisa. Umhlathi wakho udinga ukuwakalwa, kunjalo, ngokumyekela ekwenza. Kuyatshengisa lokho owenziwe ngakho. Kunjalo sibili.

²¹¹ Esikufunayo liVangeli. Nkulunkulu, vusa omunye umuntu enkundleni lowo obuyela khona eLizwini. UNkulunkulu wathi akusiyonto ehloniphekayo emfazini ukubuya ngitsho ebandleni futhi akhuleke elenwele zakhe ziqunyiwe. Futhi umfazi oquma inwele zakhe, u...indoda ilelungelo elipheleleyo ukwehlukana laye. Ungumfazi ongahloniphiyo. IBhayibhili latsho njalo. Kahloniphi endodeni yakhe. Angangabikwazi. Umfazi loba nguphi ozagqoka okabhudula akahloniphi. Angangabikwazi. Khosikazi, kangizami ukukuzwisa ubuhlungu. Ngizama ukukusindisa echibini lomlilo, lesihogo. Phenduka!

²¹² “Awu,” wena uthi, “NgiloMoya oNgcwele.” Khona-ke yenza njengakho, uloNkulunkulu ehlezi phakathi kwakho, uNkulunkulu uqobo owakhuluma ukuthi ungakwenzi?

²¹³ “Awu,” wena uthi, “Ngakhuluma ngendimi.” Ngabona odeveli bekhuluma ngendimi. Ngabona, eAfrica, benatha igazi okhakhayini lomuntu, njalo bakhulume ngendimi futhi babizele kudeveli. Ngike ngabasezihonqweni zabathakathi labalumbi, lapho abakhuluma khona ngendimi futhi bazichasise. Ngabona amapenseli ebekwe etafuleni futhi abhale ngendimi ezingaziwayo, futhi indoda ibuye, ikuchasise. Kwakuliqiniso. Ungangitsheli ngendimi. Silokunengi kwazo manje.

Kukanti, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulendimi ezingaziwayo. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakhuluma ngendimi ezingaziwayo, kodwa ungathembeli phezu kwalokho. UPhawuli wathi, “Loba ngikhuluma ngendimi zabantu lezeziNgilosi, futhi ngingela Moya oNgcwele, kangikabi yilutho. Loba ngingasusa izintaba...”

²¹⁴ Abantu abanengi bazama ukuthi, “O, *leyi* yindoda enkulu kaNkulunkulu. Kumele ubone izimangaliso ezinkulu.” Ngani, odeveli bayasilisa... .

Odeveli bayaphuma futhi benze izinto njengalokho. Ngiyazi abathakathi abaphuma phandle, futhi lezinto ezinjengalezo, elefasikoti ngakuye njengalokho. Bafaka imali phakathi. Uthatha inwele emuva kwekhanda lakhe, aziphothanise egazini futhi aphosele phakathi. Futhi labo bantu ngabantu abathembekileyo, bayakholwa. Akusuye lowomuntu. Yilabobantu abakholwayo ukuthi basondela kuNkulunkulu, ngokudlulisela ngomthakathi.

²¹⁵ Kazange uJesu athi, “Abanengi bazakuza Kimi kulolosuku, futhi bathi, ‘Ngibelemikhankaso emikhulu yosiliso’”? Leso kayisiko sibonakaliso. Yisibonakaliso sisekucineni. Kazange uJesu athi, kuMathewu isahluko 24, phose indima 24, layo, 24:24? Futhi Wathi, “Abaprofethi bamanga bazakuphakama ensukwini zokucina futhi batshengise izibonakaliso ezinkulu okungangokuthi bazakukhohlisa abaKhethiweyo uqobo nxa kwakungenzeka.” Kodwa abaKhethiweyo bamile eLizwini. Bayakwazi ukuthi isibonakaliso seqiniso siyini.

²¹⁶ Angenza kanjani umuntu, owenza lezizinto, olandula uKholo lukaNkulunkulu, atsho ukuthi ungumprofethi ovela eNkosini? Kanjani emhlabeni umuntu engenza?

Engaba ngumprofethi, njengalabo ababephansi lapho ezikhathini zikaAhabhu loJehoshafathi, lapho uMikhaya esima. Kodwa babeloyedwa phansi lapho owama eLizwini, uElija. ILizwi leNkosi lalibhaliwe, ukuthi uAhabhu uzabuya emaphethelweni akhe, futhi umbono kaElija wawulalokho.

²¹⁷ Futhi loba nguphi umuntu, ozibiza sibisakhe okamoya kumbe umprofethi, uyavuma ukuthi lonke iLizwi laLokhu liyiqiniso. Engaba kanjani okaZiqu ntathu? Engabhaphathiza kanjani ebizweni lika “Baba, Ndodana, loMoya oNgewe,” futhi atsho ukuthi ugcotshiwe ngoMoya? Engafundisa kanjani abantu lelophutha, futhi abe elokhu egcotshiwe ngoMoya? Akungeke kwenziwe. Akwenzeki.

²¹⁸ Ngiyananzelela ukuthi lokho kakudumanga. Kodwa asifuni ukuba ngabadumileyo. Ufuna ukuthembeka.

Manje, uJezebhelu futhi laboAhabhu. Yebo, mnumzana.

²¹⁹ Ngani, kungani bekwenza? Kungani labo bafazi bekwenza, begcina inwele zabo zigeliwe, futhi bazipende, futhi baphume phandle futhi bagqoke okabhudula lapho amadoda esiza ngalapho, futhi lezinto ezinjengalokho, omkabo bayakwenza? Ngoba kabalamprofethi weqiniso kuphuluphithi yabo, ukubatshela iQiniso. Bayabatshela bona, “Awu, lokho kakulamehluko. Lokho kulungile. Awulani lokokwenza laLokho.” Wena!

²²⁰ KuyiLizwi leNkosi. IBhayibhili lathi, “Loba nguphi umfazi ozagqoka isambatho esingesendoda uyisinengiso phambi kukaNkulunkulu.” UNkulunkulu kaguquki. EngaGuquka kanjani futhi abe nguNkulunkulu? Kala mkhawulo.

221 Bafuna umprofethi weqiniso obatshela ukuthi lesi yisibonakaliso sokuphela. IBhayibhili lathi bazakwenza. UISaya, isahluko 5, wathi abafazi bazakwenza lokho ensukwini zokucina. Khona kanye. Ngakho, nampo-ke belapho.

222 Kodwa bathi balomprofethi kuphuluphithi, bayesaba iLizwi likaNkulunkulu. Hatshi . . . Uyesaba ibandla.

Asikhulekeni kuNkulunkulu ukusithumela lokho kuKhanya kwamuva, khona ukuKhanya kwantambama, sithumele lowo Owathembisa ukukwenza, eBandleni elikhethiweyo, ozabatshela lokho okuliQiniso, ame eLizwini likaNkulunkulu. Ayekele oJezebhelu labo Ahabhu, khona-ke bazakubehlukanisa. Kunjalo sibili.

